


AMAHEBHERU,

ISAHLUKO SESIKHOMBISA ¹

 ...ubusuku, futhi lokuzwa uJoyce ehlabela. Belikwazi ukuthi lokho kuyisimanga ngokwakho? Leyonkazana encinyane, engacabanga kanjani konke lokhu? Futhi ubusuku ngabunye usilethela enye entsha. Ukuthi engacabanga kanjani ngakho konke lokho, lobo yibungcwethi obuncinyane bengqondo sibili. INkosi ibusise lowo mntwana.

² Manje, kusasa, ngehola lesibili lengxenye, ekhaya labangcwabi eCharlestown, Indiana. Othandekayo wethu, udade ohambileyo, uDade Colvin, simnika inhlonipho yokucina, khona e—ekhaya labangcwabi lasengcwabeni kusasa emini. Lowo owake waphila njengani lobubusuku, futhi usedlule nganeno kweveyili lapho elizakuba khona ngesinye isikhathi. Futhi bonke abafisa ukubuya enkonzweni, ngani, wamukelekile ukubuya. Ngeqiniso kuzakuba lusizo olukhulu emulini yakoColvin, ukwazi ukuthi ithabhanekeli lapha, lapho bonke abaya ebandleni okwesikhathi eside, lokunjalo, siza... Singathokoza ukuba libuye. Futhi ngiyacabanga i... uMfowethu McKinney othandekayo, lowo owatshumayela imfa kamnewethu, iminyaka eminengi edluleyo, ulengxenye enkulu yomngcwabo, futhi ngiceliwe ukubuya futhi ngimsize phakathi e—ezinkonzweni zomngcwabo.

³ Manje, ngiphuzile nje kancinyane, lobubusuku. Ngilensimbi ezinengi kakhulu emlilweni, kangazi ukuthi ngiye ngaphi. Kulokubizwa okunengi kakhulu, futhi ukutshayelela lezingozi, labantu bebiza, besiza. Ngaze, ngasuka nje eLouisville, imizuzu emilutshwane edluleyo, ukubuyela lapha masinyane, futhi ngitshiya ukubizwa okuthile lokho okulobunzima sibili futhi kufanele kwenziwe, ngiyathemba, khona nje, lobubusuku. Futhi manje lisikhulekele lapho sihamba.

⁴ Futhi lokhu kusa ka—kangizange ngingene esifundweni sami—sami, isahluko 7 seBhuku la—la lamaHebheru. Futhi lapho sivula kilo, lobubusuku, ngifuna ukwenza isimemezelo ngomhlangano kaMfowethu Graham Snelling, phezulu ethenteni phezulu lapha, ekucineni kukaBrigham Avenue. Nxa iNkosi ithanda, ngifuna ukuphenduka ngoLwesithathu ebusuku. Futhi khonale sizabeka ubusuku obuthile, lobo esiyakuhamba njengamanxusa, liviki ngesinye isikhathi, ukuvakatshela uMfowethu Graham emhlanganweni. Futhi yena u...uthi, “Siba lexuku elihle.” Futhi—futhi uzasithakazelela ngokubuya, ngosizo lolu. UMfowethu Graham Snelling, loba

nguphi wenu obuya emhlanganweni, kumbe ofisa ukukwenza, kusekucineni nje kukaBrigham Avenue phezulu lapha. Loba ngubani engalitsihela lapho okukhona. Khona ekucineni kwenkundla zokudlalela, ithente libekiwe. Uyathakazelela usekelo lwenu. Ngoba, thina njengethabhanekeli sathembisa usekelo lwethu kanye laye, iphesenti elilikhulu, ngakho siyazama ukusiza.

⁵ Manje, khona-ke masinyane siza phansi endaweni ye, iNkosi ithanda, esahlukweni 11 samaHebheru, ebusukwini obulutshwana, nxa uNkulunkulu ethanda, futhi lapho ngicabanga ukuthi sizakuba lesikhathi esikhulu njalo.

⁶ O, iNkosi isibusisile lokhu kusa ngendlela emangalisayo, ukuthi Wathulula kanjani uMoya Wakhe phezulu kwethu! Futhi manje, lobubusuku, siMkhangelele ukuthi akwenze njalo; futhi-ke ngoLwesithathu ebusuku, futhi kusiya. Futhi—futhi ubusuku lobo engibeqayo, uMfowethu Neville uzabekhona ukubuthatha, nxa ngiphumile.

⁷ Angazi lokho engizakukwenza, ungabe ulapha leli hola, futhi elinye ihola ngibizwe eCalifornia. Bona, kawukwazi nje lapho iNkosi ezathumela khona. Yiso isizatho kunzima kimi ukuthi ngenze uluhlu lokuhamba futhi ngithi siza—sizakwenza *okunje-lo-kunje*. Ngingaqala ukwenza into ethile, iNkosi izangithumela kwenye indawo. Bona? Ngakho asikwazi nje lokho Azakwenza. Kodwa, “Nxa iNkosi ithanda,” siyakutsho. Futhi ngiyacabanga sithunyiwe, kumbe silayiwe lokho, eBhayibhili, “Nxa iNkosi ithanda, sizakwenza izinto *ezinje-le-zinje*.” Ngakho nxa singayekela ukwenza inhlelo ukuthi si . . . kumbe ukugcwalisa izinhlelo, sizwa ukuthi mhlawumbe iNkosi ibingathandi ukuthi kwenzakale.

⁸ Ngolunye usuku, sasibambekile, uMfowethu Roberson loMfowethu Wood lami. Futhi siyamangala, “Kungani?” Sihlezi lapho, sikhangele emephini, sisiza khona phansi, futhi satshayela amamayila angamatshumi amahlanu khona siqonde emuva enyakatho njalo emgwaqweni. Futhi bengihamba emgwaqweni omkhulu kusukela ngisaseleminyaka engaba phose litshumi lane ubudala. Futhi ngiyamangala ukuthi ngakwenza njani. Sasimile lapho, thina sonke sobathathu. Sonke sesahamba imigwaqo emikhulu. Sikhangele khona emephini, sigcina sikul30 sisedlula ngaphakathi eIllinois, futhi sathatha ijiko elincinyane, singananzeleli ukuthi ilanga lalingemuva kwethu kulokuthi libe phambi kwethu. Sasisiya enyakatho kulokuthi siye eningizimu. Futhi into yokuqala uyazi, sachapha umgwaqo, ngathi, “Lowu kawusiwo umgwaqo oqondileyo.” Ngakhangele phansi lapho, futhi ngafumana, sasingamayila angamatshumi amahlanu phandle kwendlela. Sasihambe saqonda emuva . . . ? . . .

⁹ Khona-ke lapho siphenduka, sa—sasikhuluma. Ngathi,

“Uyazi kungani? Thina . . . INkosi ingabe iseqisile ngalindlela, ukusivimbela ekubeni lengozi eyesabekayo phansi lapha kweyinye indawo, engabe yenze enye into ngenye indlela. Siyakwazi ukuthi zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda iNkosi. Yikho kuphela okufanele sikugcine engqondweni.”

¹⁰ Manje, lobubusuku, sesiqalisa manje okwesifundo esincinyane sokufundisa. Futhi nxa ngi . . . kangicabangi ukuthi sizakwehla, mhlawumbe sizakwenza lobubusuku, ku . . . Lesi yisahluko esikhulu sokufundisa ngokwetshumi, ebandleni. Futhi yisifundo esikhulu, leso esingahlala kuso okwamaviki lamaviki, kuleyonto eyodwa, ukuthi uAbrahama wabhadala njani okwetshumi kuMelikhizedeki, futhi loba kuqakathekile.

¹¹ Ifeni leyi ingabe iphambanisa loba ngubani ngemuva-le? Kungaba ngcono yini liyicitshe? Nxa iphambanisa loba ngubani, ivuthela ebusweni babo, loba yiyiphi yamafeni. Nxa kuyikho, phakamisa nje isandla sakho. Futhi, kumbe nje thumela omunye wama-asha, thumela omunye umuntu phezu kumfowethu lapha, uzakukucitshela yona. Futhi ngenza okokuyisusa kimi; Ngiyatshiselwa futhi ngiginqe, khona-ke, into yokuqala liyazi, se—sengitshe ilizwi. Ngakho, kukini, ukuze kungangihluphi loba ngayiphi indlela. Sifuna ukuthi lihlaliseke manje.

Kasiyikuzama ukuthatha isikhathi senu esinengi, kodwa sizakukhangela nje khona kanye eLizwini. Futhi ngaphambi kokuba sikwenza, kasikhulumeni loMlobi okwesikhatshana nje.

¹² Manje, Baba oseZulwini, kasikwazi ukuthi kuyini okubekiweyo. Kodwa into kuphela esiyaziyo, futhi sisuthisekile, ukuthi izinto ezinhle zibekwe phambi kwethu. Ngoba kulotshiwe, “Ilihlo alibonanga, kumbe indlebe ayikuzwanga, futhi akungenanga enhliziyweni zabantu, lokho uNkulunkulu akubekeleyo, labo abaMthandayo.”

¹³ Futhi siyakhuleka ukuthi Uzavula amafasitela eZulwini lobubusuku, esipheleni Sakho, futhi siphe iLizwi Lakho, lokho okuzakuba ngenye into efaneleyo, into ezangezelela ukholo lwethu njengamaKhristu, futhi usenze sibe sihlalisekile kakhulu—kakhulu eVangelini, ukwedlula lokho esasiyikho khona lapho singena. Siphe khona, Baba. Makuthi uMoya oNgcwele uthathe iLizwi likaNkulunkulu futhi Ulingenise enhliziyweni ngayinye njengoba silesidingo. EBizweni likaJesu, siyakhuleka, INdodana Yakho ethandekayo. Amen.

¹⁴ Manje, lokhu kusa, ekutshiyeni indima yokucina yesahluko 6, ukuze singene khona kwesesi 7.

Lapho isigijimi esingumanduleli sethu sasingenela khona, uJesu, esaba ngumpristi omkhulu kuze kube nininini, ngokohlobo lukaMelikhizedeki.

15 Manje sizakubala indima zokuqala ezintathu, kumbe indima zokuqala ezimbili, kumbe indima zokuqala ezintathu, ngizama ukutsho, zesahluko 7, ukuze siqalise khona kanye.

Ngoba uMelikhizedeki lo, inkosi yaseSalema, umpristi kaNkulunkulu ophezukonke, owahlangabeza uAbrahama mhla ebuya ekubulaleni amakhosi, futhi wambusisa;

UAbrahama laye wamabela ingxenye yokwetshumi kwakho konke, (nanko okwetshumi kwakho); kuqala uphendulelwa ngokuthi iNkosi yokulunga, . . . emva kwalokho besekuthiwa futhi iNkosi yaseSalema, okuyikuthi, iNkosi yokuthula;

Engelayise, loba unina, engelasendo, . . . loba ukuqala . . . engela loba ukuqala kwezinsuku, kumbe ukuphela kwempilo; kodwa esenziwe wafanana leNdodana kaNkulunkulu; uhlala engumpristi laphakade.

16 Isitsho esimangalisayo! Manje sizafanele sibuyele kuThestamente eliDala, ukugebha limongo emikhulu. Futhi o ngiyithanda okunganani!

17 Liyazi, phandle eArizona, sasivame ukuhlwaya. Futhi sasingena phakathi kwesiqinti somhlabathi ofaneleyo, uMnu. Mc Anally lami. Futhi sasibona indawo lapho okwakukhangeleka engazathi, phakathi emigelweni emincinyane, lapho umgelo omcinyane, lokho abakubiza oku “khukhuliweyo.” Futhi ngangsi . . . Wayengihambisa phansi futhi angenze ngihlikihlele itshebetshebe futhi “whew,” ngikuphephethe. Khona-ke ngihlikihle futhi “whew,” ngikuphephethe. Futhi ngamangala ukuthi kungani wenza lokho. Ngafumana, uyabona, lapho uphephetha itshebetshebe, lizakuba lula. Futhi konke, noma umthuso, ulula ukwedlula igolide. IGolide lisinda ukwedlula umthuso. Ngakho-ke lapho uphephetha, insimbi zonke letshebetshebe lengekeza kuyaphephethelwa khatshana, kodwa igolide lizahlala emhlabathini. Ngakho-ke, nxa uthole okukhukhuliweyo phezulu kusukela phakathi *lapha*, kuyatshengisa ukuthi kukhona ibhanti legolide kwenye indawo phakathi lapho. Lelizulu likhukhule lezi ziqephu ezincinyane zaphuma. Ngakho-ke sithatha amapiki lokunjalo, futhi sigebehe uqaqa, phose, sizama ukuthola leli golide. Sibhoboza imigodi emhlabathini, siyigebeha. Silumathise idalamede, sidubule. Siqhubeke sidubula imigodi, sisiya phansi size sithole, ukuthola umthambo omkhulu. Manje, lokho yikho esikubiza “ukuhlwaya igolide.”

18 Futhi lobubusuku sizama ukuthatha iLizwi likaNkulunkulu, futhi siLisebenzise ngamandla kaMoya oNgcwele, ukuphephetha konke ukungakhathali lokuthandabuza khatshana lathi, zonke lezo zinto ezincinyane

ezingelasisindo ezingela nje loba yisiphi isisekelo, ezingela loba isisindo empilweni yethu, sifuna ukukuphephethela khatshana ukuze sithole luMthambo oyinkazimulo. Lowo Mthambo nguKhristu.

¹⁹ Futhi manje makuthi uNkulunkulu asisize lapho sibala futhi sitaditsha eLizwini Lakhe. Ezokucina, izahluko ezintathu ezedluleyo, phose, besikhuluma ngokuzwa, khona manje lalapho, uMelikhizedeki.

²⁰ Manje, ngicabanga uPhawuli unika ingcazelo eqondileyo.

Ngoba uMelikhizedeki lo, inkosi yaseSalema, . . .

“INKosi yaseSalema.” Futhi loba nguphi umfundi weBhayibhili uyakwazi ukuthi iSalema ekuqaleni . . . IJerusalem ekuqaleni yayibizwa ngokuthi “Salema.” Futhi Waye yiNkosi yeJerusalem. UMkhangele.

. . . umpristi kaNkulunkulu oph Ezekonke, (lowo ngummeli), owahlangana loAbrahama . . .

Ngifuna ukuthatha usendo Lwakhe, liNdoda enkulu, ukuze libekwazi ukuthi UnguBani, kuqala, futhi-ke wena . . . sizaqhubeka ngodaba.

. . . evela ekubulaleni amakhosi, futhi wambusisa;

Kuye . . . UAbrahama wamabela ingxenywe yokwetshumi . . . kuqala . . . ngokuphendulelwa iNkosi yokulunga, . . .

Manje khangela, “Ukulunga.” Manje, silokulunga kwethu, silokulunga kokuzenza ikholwa, silokulunga okuphambukisiweyo, yonke inhlobo. Kodwa kulokulunga okukodwa okuqotho, futhi lokho kulunga kuvela kuNkulunkulu. Futhi luMuntu wayeyiNkosi yokulunga. Wayengaba nguBani?

²¹ Manje, WayeyiNkosi yokulunga, iNkosi yeJerusalem, iNkosi yokulunga, iNkosi yokuthula. UJesu wabizwa ngokuthi, “INKosana yokuthula.” Futhi inkosana yindodana yenkosi. Ngakho, luMuntu wayeyiNkosi yokuthula, khona-ke Uzamele abenguYise weNkosana yokuthula. Liyakuthola?

²² Manje kasiboneni, sithathe usendo Lwakhe phambidlana kancinyane, ukuthi sibone lapho esiya khona.

Engela baba, . . .

Manje, uJesu wayeloBaba. Liyakukholwa lokho? Sibili Wayelaye.

. . . engelamama, . . .

UJesu wayelomama. Kodwa luMfo wayengela loba ubaba kumbe umama.

. . . engelasendo, . . .

Kazange abe loba ngubani Avela kuye, loba yiluphi usendo. Wayehlezi ekhona. “Engelasendo.”

...engelakuqala kwezinsuku,...

Kazange abe loba lesikhathi lapho Aqala khona.

...kumbe ukuphela kwempilo;...

Kwakungeke kube ngokunye kodwa uNkulunkulu. Yikho kuphela Okungaba yikho.

²³ Manje, manje nxa ungananzelela lapho sibala indima elandelayo. Bona? “Kuqala, ngophendulelwa ngokuthi, iNkosi yokulunga.” Akusikho lapho engifuna ukukwenza. I—indima 3:

...kumbe ukuphela kwempilo; kodwa wenziwa wafanana leNdodana kaNkulunkulu;...

Manje, Waye ngayisiyo Ndodana kaNkulunkulu, ngoba, nxa WayeyiNdodana, Wayelesiqalo. Futhi luMuntu wayengela siqalo. Nxa WayeyiNdodana, kwakumele abe labo bonke ubaba lomama. “Futhi luMuntu wayengela baba loba umama. Kodwa Wenziwa wafana leNdodana kaNkulunkulu.”

...uhlala engumpristi kokuphela.

²⁴ Manje, uDkt. Scofield uzama ukukhuluma, ukuthi “Kwakuyibupristi, obubizwa ngokuthi, ‘Ubupristi bukaMelikhizedeki.’”

Kodwa ngifuna nje ukulithatha kulokho okwemizuzu emilutshwana nje. Nxa kwakuyibupristi, khona-ke kwakumele kube lesiqalo, futhi kwakumele kube lesiphetho. Kodwa, “Lokhu kwakungela siqalo kumbe kungela siphetho.” Futhi katshongo ukuthi wahlangana lobupristi. Wahlangana loMuntu, futhi wabiza iBizo Lakhe “Melikhizedeki.” Waye nguMuntu, hatshi inhlanganiso yesonto, hatshi u—u—ubupristi kumbe ububaba. Waye nguMuntu uqobo ngeBizo likaMelikhizedeki, owaye yiNkosi yeJerusalem. Hatshi ubupristi, kodwa iNkosi engela baba. UbuPristi abula baba. “Futhi luMuntu wayengela baba, engelamama, engelakuqala kwezinsuku kumbe ukuphela kwempilo.” Manje, iNdodana kaNkulunkulu. . .

²⁵ Ukuthi lo wayengubani, lo kwakunguJehova. Lo kwakunguNkulunkulu uSomandla Ngokwakhe. Kwakungeke kube ngomunye.

²⁶ Manje nanzelela, “Uhlala kuze kube nininini.” Ulobufakazi lapha, ukuthi, “Uyaphila. Akafi.” Akazange. . . Akazange abe ngolunye ulutho kodwa ephila. “Uhlala kuze kube nininini.”

²⁷ Manje, uJesu wenziwa, wafaniswa Laye. Manje, isizatho kulomahluko phakathi kukaNkulunkulu loJesu: UJesu wayelesiqalo; uNkulunkulu wayengelasiqalo. UMelikhizedeki wayengela siqalo, futhi uJesu wayelesiqalo. Kodwa uJesu wenziwa, wafanana Laye. “Umpristi, ohlala ekhona nininini.”

²⁸ Manje, lapho uMelikhizedeki esemhlabeni, Wayengesilutho emhlabeni kodwa u—uJehova uNkulunkulu ebonakalisiwe ngendalo, Wayelapha njengetiyofani. UAbrahama wahlangana

Laye kanye, ethenteni lakhe. Futhi njengoba sikhulumile lokhu kusa, “UAbrahama waMnanzelela. Futhi watshele uAbrahama lokho Ayezakwenza, ngoba Wayengayikutshiya indlalifa yomhlaba iphumputhekile ezintweni Ayezakuzenza.”

²⁹ Mangime lapha okomzuzu, ukuthi ngithi, uNkulunkulu ulokhu elombono ofanayo ngeBandla Lakhe. Kalisibo bantwana bobumnyama. Lingabantwana bokuKhanya. Futhi i... thina esi... “Babusisiwe abamnene, ngoba bazakudla ilifa lomhlaba.” Futhi wayengenza yini uNkulunkulu, Owenzayo ku—kuAbrahama, owayezakudla ilifa lomhlaba... Futhi Wathi, “Kangiyi kugodla lezizinto emuntwini ozadla ilifa lomhlaba.” Kangakanani ezakwambula imfihlo Zakhe eBandleni Lakhe elizakudla ilifa lomhlaba!

³⁰ UDaniyeli wathi, “Kulolosuku bazagijima le lale, ulwazi luzakwanda.” Futhi wathi, “Abahlakaniphileyo bazakubamazi uNkulunkulu wabo, kulolosuku, futhi bazakwenza imisebenzi emikhulu ngalolosuku. Kodwa ababi kabayikubamazi uNkulunkulu waseZulwini.” BayaMazi ngesimo futhi lokwemikhuba, njengesifundo sethu sokuqala sitshilo, kodwa kabaMazi ngendlela yokuphelela.

³¹ Futhi uNkulunkulu engasebenza kuphela, ngokuphelela, ngoba Uphelile. Alibusiswe iBizo Lakhe! Kufanele kube yindlela ephelileyo uNkulunkulu asebenza ngayo, ngoba Angeke enze olunye ulutho kodwa asebenze ngokuphelela. Kangeke aZingcolise langayiphi indlela. Futhi khona-ke yikho uJesu wabuya ukuzosusa izono zethu, ukuze sipheleliswe, ukuze uNkulunkulu asebenze ngeBandla Lakhe. Yikho lapho okulemfihlo khona.

Yikho lapho umhlaba ophumputheke khona. Yikho lapho abafuna ukuthi, khona, “Ulahlekelwe yingqondo yakho.” Yikho lapho abafuna khona ukuthi, “Awukwazi lokho okhuluma ngakho.”

Ngoba, “Izinto zeNkosi ziyibuwula kuyo inhlakanipho yalumlaba. Kodwa izinto zomhlaba zingezenyama ekholweni.” Ngakho, ungumuntu owahlukileyo, uphila emumweni owahlukileyo. Awusenguye walumlaba. Usudlule kulimpilo usiya eMpilweni entsha.

³² Ngakho-ke, uNkulunkulu uyambula, hatshi kuwo umhlaba, hatshi kusazi sokusebenza kwengqondo, hatshi kubatshumayeli abafundileyo, kodwa kwabathobekileyo enhliziyweni. Abantu bakhe abamnene, Uzakwembula imfihlo yezinto ezinkulu zikaNkulunkulu, kibo. Uyakubona?

³³ Manje, manje, uAbrahama wayezakudla ilifa lomhlaba. Nge... INzalo kaAbrahama izizwe zonke zazizakubusiswa. Ngakho uNkulunkulu wehla phansi futhi wakhuluma laye, esimweni soMuntu.

Manje, uNkulunkulu ubehlezi esemhlabeni. UNkulunkulu akaze atshiye umhlaba. Nxa Wayengawutshiya umhlaba, kangikwazi ukuthi kuyini okuza kuba yiwo. Kodwa uNkulunkulu ubehlezi elapha ngesinye isimo. O, dumisa iBizo Lakhe!

³⁴ Wayelabantwana enkangala, bephuma eGibhithe, esimweni sokuKhanya. Wakhuluma kuAbrahama esimweni soMuntu. Wakhuluma kuMose esimweni soMuntu. Wakhuluma eBandleni esimweni soMuntu, iNdodana Yakhe, uKhristu Jesu.

Futhi Ukhuluma ngeBandla Lakhe lamuhla, ngeBandla eligcotshiweyo likaNkulunkulu ophilayo, ngezitsha zodaka. “Lizingatsha. NgiLivini.” UNkulunkulu ulokhe khuluma, futhi umhlaba uBona uJesu lapho liMtshengisa. Yiyo indlela umhlaba obona ngayo. . . “Lizincwadi ezilotshiweyo, ezibalwa ngabantu bonke.” Impilo yakho iyakhuluma lokho oyikho.

³⁵ Manje, luAbrahama endleleni yakhe, ephenduka. Sizabuyela emuva futhi sifunde ngaye okwesikhathshana nje esimbalwa, eBhukwini likaGenesisi. Esahlukweni 14 sikaGenesisi, ngiyakholwa kuyiso. O, inhle okunganani indaba lapha! Manje, sonke siyazi ngoAbrahama, ukuthi uNkulunkulu wambizela phandle kwelizwe leKhaladiya ledolobho laseUri, futhi wantshela ukuthi azahlukanise kwabakhe ahlanganyelana labo.

UNkulunkulu ubiza amadoda kumbe abafazi, Ubizela ukuzehlukana.

³⁶ Manje, yikho lokho okuluhlupho lamabandla lamuhla, abafuni kuzehlukanisa kwamadala awenyama amakhoh-. . . abangakhohwayo. Yiso isizatho singayi khatshana. Siyangena nje kulokho kugeleza okukodwa kwenyama, futhi si—sithi, “O, uJim ungumfo olungileyo, nxa enatha. Nxa e. . . Futhi ngihamba laye endlini yokudlalela amakhasi, kodwa kangidlali makhasi. Ngi—ngi—ngihamba laye ngale ephathini. Bayakhuluma insomo ezingcolileyo, lokunjalo, kodwa angizikhulumi ngitsho.”

³⁷ “Phuma phakathi kwabo.” Kunjalo. “Zehlukanise. Ungathinti izinto zabo ezingcolileyo, futhi ngizakwamukela,” itsho iNkosi. “Lingabotshelwa ejogweni linye kanye labangakhohwayo, ukubotshelwa ejogweni ngokungalingani ndawonye.” Lingakwenzi. Zehlukaniseni.

³⁸ Futhi uNkulunkulu wabiza uAbrahama ukuthi azehlukanise kuzo zonke izihlobo zakhe, lokuthi ahambe Laye. Mfowethu, kwezinye izikhathi kutsho ukutshiya ibandla. Kwakusitsho lokho kuPhawuli. Kwakufanele atshiye ibandla lakhe. Kwatsho lokho kwabanengi. Kwesinye isikhathi kutsho ukusuka ngekhlanya. Kwesinye isikhathi kutsho ukutshiya ubaba lomama, futhi utshiye konke. Angitsho ukuthi kuyenzeka isikhathi sonke, kodwa kwezinye izikhathi kuyakwenza. Kutsho ukuthi kumele uthathe yonke into phakathi kwakho loNkulunkulu, futhi

uhambe Laye kuphela. O, leso esibusisekileyo, isidlo esimnandi, lobo budlelwano olabo lapho lizehlukanisa kusuka ezintweni zomhlaba futhi lamakholwa enyama lawo akwenza inhlekisa, futhi uhambe wedwa loKhristu!

³⁹ Kangaki lapho ngibonga uNkulunkulu! Wathi, “Ngizalinika obaba labomama kulumhlaba wamanje. Ngizakulinika abangane labahlanganyeli. Futhi kangisoze ngilitshiye, loba ngilifulathele. Loba umhlaba wonke ukufulathela, ngizahamba lani, kuze kube sekucineni kwendlela.”

⁴⁰ Kulithuba elibusiseke kanganani, lowomuntu alalo ukugolomba ukulandela iNkosi uJesu, ukuzehlukanisa kubo bonke abahlanganyeli bakhe benyama, ukulandela iNkosi! Futhi nxa loba nguphi umuntu ekhangeleka engaziphathi kahle, futhi lokuzitshengisa njengamaKhristu, kodwa bethanda izinto zenyama, kungcono kuwe ukuthi udinge omunye umngane khona masinyane. Kunjalo. Futhi nxa kungela ongahamba lawe, Ukhona owathembisa ukuhamba lawe. Leyo, yiNkosi uJesu, Uzakuhamba lawe.

⁴¹ UNkulunkulu watshela uAbrahama, “Zehlukanise.” Futhi engumuntu njengo uAbrahama ayenguye, wathatha uyise wakhe kanye laye, wathatha indodana kamfowabo kanye laye, umzukulw wakhe; bonke bebambebele kuye. Futhi uNkulunkulu kazange ambusise waze wenza lokho uNkulunkulu amtshela khona ukuthi akwenze.

⁴² Angitsho ukuthi awusuye mKhristu. Lokho, kangenzi uzibani angabi ngumkhristu. Kodwa ngizakutsho lokhu, ukuthi nxa uNkulunkulu wakutshela into yokwenza, Akasoze akubusise uze uyenze. Ngikuphuluphithi lobubusuku kanye lokunye kwalezo zinto ezibambebele kimi. Imihlangano yami ayibanga yilokho efanele ibe yikho, okweminyaka emibili edluleyo. Kungenxa yokuthi ngehlulekile eNkosini. Yangitshela ukuthi, “Hamba eAfrica, futhi-ke eIndiya.” Nanku lapha, kulotshiwe khona lapha, emuva kweBhuku leli, khona manje.

⁴³ Umphathi wangibiza, wathi, “Ayekele amaAfrikaans ahambe. iIndiya isilungiselele.”

⁴⁴ UMoya oNgcwele wahlangana lami, wathi, “Uzakuya eAfrica njengalokhu engikutshele khona.”

⁴⁵ Futhi omunye umnyaka wedlula. Futhi abaphathi... ngakhohlwa Ngakho. Wathi, “Siyahamba eIndiya. Amatikiti asevele aselapha.”

⁴⁶ Ngasuka, ngaKukhohlwa ngaze ngafika eLisbon. Obunye ubusuku, ukuthi, ngacabanga ukuthi ngasengisifa. Ukusa okulandelayo ngaqalisa, ukuya ngasekamelweni lokugezela, ukuthi ngigeze. O, ngangigula sibili, ngangisukuma kanzima. Lapho, lokho kuKhanya kulenge lapho ekamelweni lokugeza, kwathi, “Bengicabanga ukuthi ngakutshela ukuthi, ‘Hamba eAfrica, kuqala.’”

⁴⁷ Imihlangano yami ibisehluleka kancane kancane kusukela leso sikhathi. Loba ngahamba eIndiya, phose lengxenywe yesigidi ngimile lapho, kodwa lokho kwakungayisikho ukwenza lokho uNkulunkulu athe ngikwenze. Ngizwa ukuthi imihlangano yami kayisoze iphumelele ngize ngihambe khona emuva futhi ngiqondise leyonto. Kungelandaba lokuthi ngenzani, yiAfrica, kuqala, ngoba kufanele ukwenze. Lapho kubekwe iLizwi likaNkulunkulu elilaPhakade, libekwe lapho. Ngakwazi ngcono kulalokho. Kodwa kumele ngibuyele. Futhi ngizwa ukuthi lumnyaka ozayo yisikhathi ngikhase ngiphume ogebhezini, ngosizo lweNkosi.

⁴⁸ Leli eliyinkazimulo, iVangeli elidala ebelikhula lula, njengesihlahla somu-okhi, kodwa ngiyakholwa useseduze ukusabalalisa ingatsha zakhe manje. Ngiyakukholwa, luMbiko omkhulu lento enkulu, Ngiyakholwa ukuthi iNkosi izasivumela sinyikinye umhlaba njalo okwenkazimulo kaNkulunkulu.

⁴⁹ Kumele wenze lokho uNkulunkulu akutshela ukuthi ukwenze. Futhi uAbrahama waqhubeka, wathatha kanye laye abantu bakhe. Wabathanda. Yinxenywe yomuntu. Kodwa emva kwesikhatshana, ngokuya, ubaba wakhe wafa futhi wangcwaba. Khona-ke wayelomzukulwa wakhe, khona-ke ingxabano lokuphikisana kwaphakama. Futhi, ekucineni, uLothi wathatha ukhetho lwakhe futhi waya phansi eSodoma. Futhi uyananzelela uAbrahama, kazange aphophothisane loLothi. Wathi, “Singabazalwane. Akumelanga siphikisane. Kodwa wena phakamisa ikhanda lakho njalo uhambe loba yiphi indlela ofuna ukuya kiyi. Nxa usiya empumalanga, ngizakuya entshonalanga. Usiya enyakatho, ngizakuya eningizimu.” Lokhu yikuziphatha kwamaKhristu, thanda ukupha omunye umuntu isabelo esikhulu. Kunikeze kuye izikhathi zonke, umeke athathe ukhetho lwakhe.

⁵⁰ Ngoba ngani? Kuyini okwenza uAbrahama akwenze? Wayekwazi ukuthi wathenjiswa nguNkulunkulu ukuthi uzadla ilifa lakho konke, kungenani. Amen. Ngakho, khona-ke, ithente kumbe ikotitshi, sibelani lendaba? Into yonke ngeyethu. “Babusisiwe abamnene ngoba bazakudla ilifa lomhlaba.” Konke kungokwethu. UNkulunkulu watsho njalo. Ngakho nika umuntu ukuzikhethela okukhulu, nxa efuna ukukwenza. Mhlawumbe yikho kuphela azakuthola. Kodwa konke kungokwakho, izindlalifa zosindiso ngesithembiso. Konke ngokwakho.

⁵¹ Ngakho, uSara, umfazi omuhle kakhulu elizweni, wahlala phezulu lapho eceleni koqaqa kanye lendoda yakhe njengalokho ayefanele akwenze. Yena ngokujwayelekileyo, awu, wayengabe egqoke uzozo lwezigqoko ezilula, kumbe loba yini lokho elifuna ukukubiza khona. Lapho, uNkz. Lothi egqoke njengo sasigidi. Futhi umkakhe wayengumeya wedolobho. Wayengumahluleli owayehlala esangweni. Wayelento yonke; engena indawo zonke okuthungwa khona lamaphathi amakhasi lawo ayekhona

lapho eSodoma leGomora. Kodwa uSara wayethokoza kakhulu ukuphila lendoda yakhe bephila ngokudla okungenganani, futhi esazi ukuthi waye sentandweni kaNkulunkulu, kulokukholisa inotho ye, kumbe, intokozo yenotho okwesikhathi. Kunjalo. Yikho lapho uNkulunkulu avakatsha khona.

⁵² Futhi ngolunye usuku, wena, ngeqiniso nje njengoba uthatha indlela engasiyo, kuzakukufica ngolunye usuku. Ungacabanga ukuthi uzakuba kahle. Ungacabanga ukuthi uyaphunyuka, kodwa kakunjalo. Kungakhangeleka sengathi konke kumboziwe, kodwa kakumbozwanga. UNkulunkulu uyazi yonke into. Uyazi loba uyakutsho sibili ukuvuma kwakho kumbe hatshi. Uyakwazi loba uyakutsho lokho sibili ukuthi uyaMkholwa futhi usindisiwe, futhi uMamukele, futhi ufile ezintweni zomhlaba, futhi uyaphila kuKhristu. Uyakwazi lokho.

⁵³ Manje, siyananzelela uAbrahama, ngifuna ukuthi linanzelele lumoya uqobo. O, into yonke lapha ebusisekileyo ngumusa. Ngifuna ukuthi libale kanye lami manje kusuka kusahluko 14 sikaExodusi, okwesikhathshana nje.

⁵⁴ Manje, into yokuqala eyathathi ndawo lapho befika phansi lapho, uLothi wangena phakathi kohlupho. Ngani? Wayephandle kwentando kaNkulunkulu. Futhi nxa ungena phakathi kohlupho lapho usentandweni kaNkulunkulu, uNkulunkulu uzakusiza. Kodwa nxa uphakathi kohlupho, uphandle kwentando kaNkulunkulu, kulento eyodwa kuphela eyokwenza, buyela entandweni kaNkulunkulu njalo.

⁵⁵ Manje, amakhosi azidonsela ndawonye, futhi bacabanga ukuthi amageceke phansi lapho ayethelezwe kahle, futhi babezakwehla phansi nje futhi bathathe liSodoma endala encinyane, iGomora, bayithathe. Futhi bakwenza. Futhi lapho sebehambe phansi futhi bayithatha, bathatha uLothi kanye labo.

⁵⁶ Ngifuna ukuthi linanzelele uMoya kaKhristu lapha kuAbrahama. Manje nanzelela indima 14.

Futhi kwathi uAbrahama esezwile ukuthi umfowabo . . . (Liyakuthola?) . . . umfowabo uthunjwe, wahlomisa inceku zakhe ezifundisweyo, zizelwe endlini yakhe uqobo, abangamakhulu amathathu letshumi lesificaminwembili, waxotshana lawo waze wafika koDani.

⁵⁷ O, ngumcabango bani obusisekileyo womusa! UAbrahama, lapho umfowakhe, loba ewile emuseni, loba wayesesimweni sakhe sokuhlehlela emuva, lapho yena esezwile ukuthi umhlaba wawusumbambile, futhi usumthumbile futhi wamusa khatshana, ukumbulala, UAbrahama wakwenza ngoMoya kaKhristu. Wabuya futhi wahlomisa wonke amadoda akhe ayezelwe endlini yakhe, futhi wabalandela, futhi waxotshana

labo indlela yonke kusiya koDani. Futhi iDani yindawo ezisemkhawulweni yePalestina, “IDani kusiya eBheri-shebha,” kusukela komunye umkhawulo kusiya komunye. Futhi kungumfanekiso kaKhristu, lapho Ebona ukuthi umhlaba wawuthethe... wawuwile, ukuthi waxotshanisa isitha kwaze kwaba sekucineni, ukuthi aphinde amukele usendo lukaAdamu oluwileyo.

⁵⁸ Ngifuna ukuthi linanzelele indima elandelayo, kumnandi kanganani lapha uMoya ukhuluma ngaye. Kulungile, indima 15 manje.

Futhi wasebuyisa yonke (yonke) impahla futhi njalo waletha umfowabo uLothi, lempahla yakhe, labafazi njalo, labantu.

⁵⁹ Lapho uAbrahama elandelela isitha esasithethe umfowakhe, wasixotshanisa yonke indlela elizweni, kusiya koDani, futhi waphendukisa izinto zonke alahlekelwa yizo ekuweni.

⁶⁰ Umfanekiso omuhle kanganani kaKhristu, Owezwa kuvela eZulwini ukuthi sasilahlekile futhi wabuya futhi waxotshanisa isitha, yonke indlela kusiya esihogweni, futhi wathumba imiphefumulo elahlekileyo futhi wasibuyisela emuva futhi wasibuyisela kuyo yonke into esasilayo ngaphambi kokuwa! Thina, abahlehleli muva, thina esazalwa ukuba ngamadodana kaNkulunkulu, aphambukiselwe kumadodana kadeveli, futhi senza... sahamba emva kwezinto zomhlaba, futhi senza okubi, futhi sagijima ngobuhwaba njengalokho uLothi akwenzayo, sathengisa ubuzibulo bethu futhi sahamba emva kwezinto zomhlaba. UKhristu wehla phansi. Lanxa siwile; uNkulunkulu, esazi ekuqaleni ukuthi ngubani ozasindiswa lalowo ongasoze, ngakho-ke weza phansi futhi waxotshanisa isitha empilweni, ekufeni, epharadise, kusiya esihogweni. Futhi indlela yonke kusuka eNkazimulweni kusiya esihogweni, futhi wathumba a—amandla esihogo, lezihluthulelo khatshana lodeveli, futhi wavuka njalo, futhi wabuyisela ebantwini, ukuthi angaba ngamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu njalo.

⁶¹ Bona uMoya kuAbrahama lapho, uMoya kaKhristu usiza laye?

⁶² Manje ngifuna ukuthi linanzelele phambidlana kancinyane, lapho sibala.

Futhi inkosi yeSodoma yasiphuma ukumhlangabeza esebuyile ekubulaleni kwali nkosi uKedolawoma, futhi... amakhosi... ayelaye, phakathi esigodini seShave, esiyisigodi senkosi.

⁶³ Baphuma. INkosi yeSodoma yabuyiselwa. Umfowabo wabuyiselwa. Abantwana babuyiselwa. Futhi lapha kwaphuma amakhosi ukuyahlangana laye. Futhi, njalo, nanku lapho engifuna ukufika khona, umbiko manje. Khangelani lapha.

Futhi—futhi uMelikhizedeki, inkosi yaseSalema (iNkosi yeJerusalema, iNkosi yokuthula) yaletha isinkwa lewayini: futhi wayengumpristi kaNkulunkulu ophezukonke.

Futhi wasembusisa, futhi wathi, Kabusiswe uAbrahama kaNkulunkulu ophezukonke, umnini wamazulu lomhlaba:

64 UMelikhizedeki, iNkosi yaseSalema, njalo wazimela Ngokwakhe phakathi kwamanye amakhosi. Futhi nanzelela, impi yayisiphelile, uMoya kaNkulunkulu kuAbrahama, okaKhristu, owawubuyisele umfowabo owileyo, khona-ke wambuyisela esimweni sakhe esiqondileyo, kukho konke lokho ayelahlekelwe yikho. Wakubuyisela. Futhi lapho ekwenza, Wakhupha isinkwa lewayini, isidlo. Alikuboni ukuthi luMelikhizedeki waye Ngubani? KwakunguNkulunkulu. Wakhupha isidlo, emva kwempi.

65 Manje asivuleni njalo, kuMathewu 26:26, khona ngokuphangisa, futhi sibone lokho uJesu akutshoyo lapha mayelana ngalokho. EBhukwini likaMathewu, isahluko 26 futhi njalo lendima 26, sifuna ukubala nje kancinyane lapha. Kulungile, uMathewu 26:26.

Khona-ke uJesu wasesiza kanye labo endaweni ebizwa iGolgotha, Golgotha, kumbe, iGetsemane, (Ngiyatsho,) futhi wasesithi kubafundi bakhe, Hlalani phansi lapha, lapho Ngisiya laphayana ukuyakhuleka.

66 Ngiyakholwa ngithole uMbhalo ongayisiwo. Mathewu, indima amatshumi amabili-. . . indima 26 yesahluko 26. Nxa omunye umuntu elakho, ngibalele, nxa li—nxa lingakuthola. Umzuzu nje. Lowu nje ngumfanekiso omuhle lapha. Angifuni ukuthi likweqe. Nanku silapha. Lowo osewutholile, dade.

Futhi kwathi besidla, uJesu wathatha isinkwa, futhi wasibusisa, . . .

Kwakuyini? Impi yayisiphelile.

. . . wasihlephula, futhi wasinikeza kubafundi bakhe, futhi wathi, Thathani, futhi lidle; lokhu kungumzimba wami.

67 Bona lowo Melikhizedeki? Amakhulu eminyaka ngaphambili, lapho Ehlangana loAbrahama, emva impi isiphelile, Wapha isinkwa lewayini. Futhi lapha uJesu upha abafundi, emva kwempi Yakhe enzima isiphelile, Wabapha isinkwa lewayini. Khangela. Khangela ikusasa iSiza.

Futhi wasethatha inkezo, futhi—futhi wabonga, futhi wabanika, esithi, Nathani yonke;

Ngoba lokhu ligazi lami elesivumelwano esitsha, elichithelwa. . . izono lokuthethelelwa kwezono.

Kodwa Ngithi kini, Angiyikunatha kusukela manje okwalesisithelo sevini, kuze kufike lolosuku lapho engizakusinatha lani kakutsha embusweni kaBaba wami.

⁶⁸ Sisempini manje. Silandela umfowethu owileyo, lowo uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa komhlaba, wambona futhi wamisela ngaphambili eMpilweni elaPhakade. Futhi izinto zomhlaba zimtholile zambamba esavunguzaneni. Uphandle ezinhlanganweni lasemakilasini, yena lomkakhe, behamba phezulu laphansi ezitaladeni, bebhema lokunatha lokuxokozela, bezama ukuthola ukuthula. Futhi uMoya kaKhristu phakathi kwethu, njengalokho Wawuzakuba yikho kuAbrahama, sihambe emva kwakhe. Lezikhali zonke zikaNkulunkulu, iNgilosi zikaNkulunkulu zimzingelezile, sihambile ukubuyisela umfowethu owileyo.

⁶⁹ Futhi lapho impi isiphelile ekucineni, sizahlanguana loMelikhizedeki njalo, busisa uNkulunkulu, Owabusisa uAbrahama lapho, futhi wamupha isibusiso, futhi wamupha isinkwa lewayini, isidlo. Futhi lapho impi isiphelile, sizahlanguana Laye. Thina esiyizindlalifa zesithembiso sikaAbrahama, izindla lifa kanye loKhristu eMbusweni, uzahlanguana Laye ekucineni komgwaqo, futhi sithathe isinkwa lewayini, njalo, lapho impi isiphelile.

⁷⁰ Ngubani luMelikhizedeki? “Lowo Owayengela baba, engela mama, engela kuqala kwezinsuku kumbe ukuphela kwempilo.” Uzakuba Lapho ukupha isidlo njalo. Uyakuthola?

⁷¹ Nxa singadonsela phezulu, ebusukwini obuthile, lapho sibuya ndawonye futhi sithathe isidlo kusuka ezandleni zabatshumayeli, kumela ukuthi sikholwa ekufeni, ukungewatshwa, lokuvuka kweNkosi uJesu, ukuthi leso simbozo, Umzimba Wakhe lowo Ayevallelwa kiwo, uNkulunkulu, siyawuthatha, njengento emelelayo, “Sifile ezintweni zomhlaba, futhi sazalwa kakutsha ngoMoya.” Futhi sihamba loMzimba kaKhristu, wonke amakholwa ndawonye.

⁷² Lapho impi enkulu isiphelile, futhi sibuye njalo loKhristu, sizathatha isidlo Laye eMbusweni kaNkulunkulu, kakutsha; futhi sidle inyama, futhi sinathe igazi lamagilebisi njalo, eMbusweni kaNkulunkulu. O! Nango uMelikhizedeki. Nguye Lowo Ayenguye.

⁷³ Manje kasibaleni phambidlana kancane Ngaye lapha, lendima 18.

Futhi uMelikhizedeki inkosi yaseSalema waseletha isinkwa lewayini: . . . (Liyakuthola?) . . . futhi wayengumpristi kaNkulunkulu ophezukonke.

Futhi wambusisa, futhi wathi, Kabusiswe uAbrahama kaNkulunkulu ophezukonke, umnini wamazulu lomhlaba:

Futhi wasembusisa, . . . Futhi wasebusisa . . .

Futhi kabusiswe uNkulunkulu ophezukonke, lowo onikele izitha zakho esandleni sakho. Futhi wasemnika okwetshumi kwakho konke.

Wabhadala okwetshumi kuMelikhizedeki. UAbrahama waMnika okwetshumi kwempango.

⁷⁴ Manje ngifuna ukuthi lina linanzelele lapha lapho uPhawuli eqhubeka, enika isisekelo sesifundo esizayo manje.

Futhi inkosi yaseSodoma yathi kuAbrahama, Nginika abantu, futhi uzithathele wena impahla ngokwakho.

Manje, inkosi yaseSodoma yathi, “Manje, ngibuyisela nje abangaphansi kwami, futhi wena uzithathele impahla.”

Futhi uAbrahama wasesithi enkosini yaseSodoma, ngiphakamise isandla sami eNKOSINI, uNkulunkulu ophezukonke, . . .

El Elyon, “umnini wamazulu lomhlaba,” lapho.

. . . uNkulunkulu ophezukonke, umnini wamazulu lomhlaba,

Ukuthi kangiyikuthatha kusukela emnxebeni kusiya emchilweni wenyathela, . . .

Akazange abe lomkhankaso omkhulu wokuthatha imali. Wayefuna kuphela umfowabo owileyo.

. . . futhi ngithi kangiyikuthatha ulutho olwenu, hlezi wena uthi uzakuthi, mina ngimnothisile uAbrahama:

Ngaphandle kwalokho kuphela akudlileyo amajaha, lesabelo samadoda ahambe lami, . . .

⁷⁵ Manje, ngifuna ukuthi linanzelele, uAbrahama wathi, “Kangiyi kuthatha kusukela emnxebeni kusiya emchilweni wenyathelo.” Kazange alwe impi, ukwenza imali enengi. Futhi izimpi zeqiniso eziqotho azenziwa ngenjongo yokuzifunela okwakho. Izimpi kazilwelwa imali. Izimpi zilwelwa okwe—okwenjongo, okwezimiso. Abantu balwelwa impi okwezimiso. Futhi lapho uAbrahama ephuma ukuyathatha uLothi, kazange aphume ngoba esazi ukuthi wayenganqoba amakhosi futhi athathe impahla zabo zonke, waphumela isimiso soku “sindisa umfowabo.”

⁷⁶ Futhi loba nguphi umtshumayeli othunywe engaphansi kokuphefumulelwa kweNkosi yaseZulwini, akasoze ahambele imali; futhi kayikuhamba ukuyakwenza amabandla amakhulu, loba ahambe ukufunzelela izinhlanganiso zamasonto. Uzahambela kuphela isimiso esisodwa, futhi leso yikuthi, “Ukubuyisela umfowakhe owileyo.” Kumbe uyathola indibilitshi emnikelweni kumbe engalitholi, kakusoze kwenze umehluko lakancinyane kuye.

⁷⁷ Njengokuba ngisitsho, “Izimpi eziqotho ziyaliwa futhi zilwelwa izimiso futhi kungeyisikho okwemali.” Futhi amadoda labafazi labo abajoyina ibandla futhi bangene ebandleni, ukuba ngabadumileyo, ngoba abako Jones bangabalapho, kumbe bantshintshe ibandla labo kusuka ebandleni elincinyane kusiya ebandleni elikhulu, ukwenzela injongo yokuzifunela okwakho futhi isimiso esiqondileyo kasikho ngemva kwakho. Kumele ube uthanda ukuma phambili empini.

⁷⁸ Kuleli thabhanekeli lapha, lapho izinto zihamba ngokungayisikho, lani lina madoda labafazi ligijime futhi lihambe kwenye indawo, kumbe lihlalele khatshana kuzi kuthi ukuphophothisana okuncinyane kumbe ukuxabana sokuphelile, kuleyinye into engalunganga ngesehlakalo sakho. Kuqondile.

⁷⁹ Silomkhuba lapha. Silo—silohlelo lapha. Ibandla leli lisekelwe phezu kwezimiso zeBhayibhili. Nxa kulomunye umuntu phakathi lapha ongenzi kahle, futhi ucabanga ukuthi kenzi kahle, hamba kuye futhi ukhulume laye. Nxa ungenelisi ukumbuyisela, khona-ke thatha omunye umzalwane kanye lawe, oyedwa kumbe ababili abanye. Nxa engeke abuyiselwe khonapho, khona-ke kutsheleni ibandla. Futhi ibandla lizakumkhupha, lingasabi lobudlelwano laye. Futhi uJesu wathi, “Loba yikuphi elikukhululayo emhlabeni, Ngizakukhulula eZulwini.”

⁸⁰ Yiso isizatho lilenhlupho ezinengi, ngoba kalilandeli izimiso zeBhayibhili. Nxa omunye ebandleni ebangela ukuphambaniseka, kumbe enye into ihamba ngokungayisikho, kayisiwo msebenzi wakho ukuyakhuluma ngaleyondoda kumbe lowomfazi. Kungumsebenzi wakho ukuya kuleyondoda kumbe umfazi, futhi umtshela impambeko yakhe. Futhi nxa engeke akuzwe, thatha omunye kanye lawe. Akayi kukuzwa lokho, khona-ke ibandla liyamkhulula. UJesu wathi, “Lokho elikukhululayo emhlabeni, ngizakukhulula eZulwini. Elikubopha emhlabeni, Ngizakubopha eZulwini.” Yiwo amandla ebandla.

⁸¹ Lapha kungasikude, umtshumayeli omuhle umngane wami, wayelomfana, futhi lowomfana wayehamba ebandleni, ibandla lakhe uqobo. Wafika endaweni lapho waqala ukugijima lenkazana encinyane eyayibhema futhi inatha futhi iqhubeka isiya. Umtshumayeli wathi, “Yebo sibili, lowo ngumsebenzi wakhe.” Umngane wami oseduze, lomfana omuhle. Kodwa wakhangwa ngomunye umfazi omncinyane; futhi wayetshadile, wayelabantwana, indoda yakhe yayisaphila. Wayesesaba ukuthi babeya kuba... lowo mfana wayezamthatha. Ngakho, umzalwane wayedabukile. Futhi wathi kimi, “Mfowethu Branham, ngifuna ukuthi uye kulumfana wami *othile-thile*. Ngifuna ukuthi ukhulume laye.”

⁸² Ngathi, “Mfowethu...” Ngiphose ngabiza ibizo lakhe.

